# UMelkisedeki, INkosi Enkulu NeNkosana

Sanibona ekuseni, bangane. Ngijabule ngempela ukuba lapha kulokhu ukusa, ngalokhu ukusa kwasebusika okuhle; ilanga libalele; izinhliziyo zethu zijabule. Njengoba bengihlezi phakathi lapho noMfu. uMnu. Beeler, ngenkathi esaqopha, ngoMoya oNgcwele wehlela phezu kwendlu, nabantu bethokoza, abantwana bejabula. Siyabonga ukuphila nokuba phakathi kwalabo abangaphuma namhlanje babe sezinkonzweni. Manje, manje sibonga kakhulu ngani nonke.

2 Futhi njengoba abangenisi emuva lapho, uma kukhona ongenayo, banezihlalo ngapha, bangahlala ngasemuva kwe altare, nenye ingxenye yebhentshi lapha, ngaphambili, futhi, uma—uma abantu bengena kamuvanyana.

3 Manje, ngaleliviki elizayo siqala uhambo lonyaka manje, olunye uhambo lomhlaba. Luqala ngelizayo, ziyi—ziyi 12, lokho kungaloluLwesithathu oluzayo, eChicago, ebandleni lasePhiladelphia nasemkhankasweni. Futhi-ke ngiyethemba, ukusuka lapho, thina, kulokhu ukusa, kusukela ekuqaleni zi 3 kuFebuwari, siyaqala-ke eLubbock, eTexas, e—eHholo iCotton Bowl lapho eLubbock, eTexas. Bese-ke, kusukela lapho, kuyiwe ePhoenix. Bese-ke kuba sembukisweni wemfuyo phakathi kweLos Angeles neSouth Gate, eCalifornia. Bese-ke, uma iNkosi ithanda, sifuna ukuya eHonolulu, ukusukela lapho.

4 Manje, ngibabonga ngempela bonke abantu okhulekayo. Uma nje bezocela iNkosi, njalo ngosuku, umkhuleko omncane ngempilo yami—yami. Ngi . . . Kuyoba l'khuni ukuthi nize nazi, ngakuloluhlangothi lwePhakade, ukuthi ngethembele kangakanani kini ukuba ningikhulekele uma ngihambile.

5 Ngibongile ukuzwa uMfowethu Tommy, kulokhu ukusa, ebufakazini bakhe, ukuthi ukwenze kanjani uNkulunkulu, evule izingalo zaKhe, njalo ethanda ukunemukela. Akunandaba ukuthi wenzeni, Usalokhu ezivulile izingalo zaKhe ukwemukela yonke imiphefumulo edabukileyo ezoza kuYe, kungakhathaleki ukuthi wenzeni nokuthi isono sikhulu kangakanani. Uthanda njalo ukuthethelela. UNkulunkulu akubusise, mfowethu osemusha.

6 Manje, bengiqaphela imiphumela emhlanganweni wangeSonto eledlule, abantu okhulekelwe. Sinezingxoxiswano ezincane, ngasese, ukufinyelela kubantu . . .

7 Ngiyanitshela, niyabo, bangane, isizathu sokuba singabi nazo izinkonzo zokuphilisa lapha, niyaqonda, asinayo indawo

eyenele ukunakekela abantu. Kungaleyondlela. Akumenyezelwa neze, izinkonzo zokuphilisa etabernakele lapha, nakuba sikhulekela abagulayo njalo uma ngilapha.

8 Namahholo kul'khuni ukuwathola, njalonjalo. Nani zihambi osezingxenyeni ezehlukene zezwe, ningena, ababaningi kakhulu abantu beVangeli eligcwele khona impela emphakathini noma, nokho, noma ezindaweni eziseduze lapha. Kodwa . . . Akusibo bonke labo abaxhasa imihlangano, noma ababa nobambiswano emihlanganweni, ngiqonde ukusho njalo, bangabantu beVangeli eligcwele, ngoba baningi kubo abangamabandla ehlukene. Asizami ukumela noma yiyiphi inhlangano yebandla. Kuphela, siyazama, ngosizo lukaNkulunkulu, ukumela iNkosi uJesu Kristu, futhi—futhi sikhululeke kubo bonke, wonke umuntu.

9 Nje ngi, okokukodwa, ngiqaphela, ngeSonto eledlule ekamelweni, kwakukhona u—umfowethu oyikhaladi obesanda kusindiswa, ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, nomkakhe othandekayo. Futhi wayeyisishosha, enokumesekelayo. Futhi wayenesibhono esesabekayo. Futhi ngisakhuluma naye ngezindaba zangasese, eofisi labadikoni, sinengxoxiswano yangasese, njengoba wayekade eshaye ngaphambili futhi wenzelwa amalungiselelo. ISonto ngalinye, sinabaningi kakhulu esingabathola iSonto ngalinye. Ngizwa, ngisahlezi lapho, nokuphefumulela kukaMoya oNgcwele, ngani, . . .

10 Inenekazi lalisanda kuphuma lapho nje, lalihamba ngezinduku, elalilivumele . . . phumile, selihamba ngaphandle kwazo.

11 Nalendoda, eyayiyikholwa impela iNkosi uJesu, ngani, yakhulekelwa, inesibhono esesabekayo. Futhi ngayitshela, ngathi, "Manje, lesosibhono sizoqala, ngawo wona lomzuzwana, sibuyele endaweni yaso." Ngathi, "Manje lapho si—lapho sibuyela emuva, usibhekisise-ke lapho sigudluka sibuyela emuva, okuzokunika ukukholwa okuningi."

12 Niyabo, ukukholwa kuzofanele kwesekeleke phezu kwento ethize, hhayi nje umcabango oyinsumansumane. Kuzofanele kube yinto ethize, ngokwesisekelo, ozoma kuyo; ukukholwa kuyakwenza. Futhi yingalesosizathu sikholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu lifundisa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, ukukhululwa komphefumulo, ukukhululwa komzimba. Futhi sikwesekela phezu kweZwi likaNkulunkulu eliPhakade.

13 Futhi ngathi kumfowethu, "Manje, ukuze wazi ukuthi ngikutshele iQiniso." Ngokuba, ukumbona phambi kwami embonweni, ngathi, "Thatha, uma uya ekhaya, bese ubopha ngqi ngakulesosibhono, intambo, futhi uyikale. Bese-ke uyinqamula leyontambo, futhi ungabe usasithinta kuze kube yiSonto elizayo. Futhi ngaphambi kokuba wenyuke, uthathe lokho, uthathe enye intambo bese uzongolozela lokho, bese ungilethela umehluko oshwabane ezintanjeni."

Yathi, "Ngizokwenza."

14 Awu, nansi intambo, cishe i-intshi nohhafu osikwe kuyo, kanjalo. Nakhu kuhlezi indoda, indoda, ukuze nje nibone ukuthi yini eyenzekile.

15 Manje, kukhona okwenzekile. Angikaze, empilweni yami, ngibone noma ngasiphi isikhathi uNkulunkulu ake asho noma yini, noma ayisho ngombono noma isambulo, ngaphandle kokuthi kwaba ngayo impela indlela uNkulunkulu athi kwakuzoba ngayo, niyabo, khona impela.

16 Umkakhe, ngeSonto eledlule, eza, wayehamba esizwa yinduku yokuqhugela, noma induku, ikheyini. Futhi ngimqaphelile namhlanje. Yena, phakathi lapho, ubengakwazi ukuhamba, kul'khuni. Yena, ngimtshelile ukuthi iNkosi izomphilisa. Ubene—nesitho esilukhuni. Futhi ngimbonile ehamba enyuka, ubethathe ikheyini wayibeka ehlombe lakhe phakathi lapho. Futhi nangu ukhona namhlanje.

17 [Udade uthi, "Ayibongwe iNkosi. Yimina inenekazi."—Umhl.] Lapho, nanto elinye inenekazi, elinye lawo elivela ezansi . . . Ubani? Lowo bekungu . . . Ubesebucayini kabi, ephethwe yizifo eziningi kakhulu, ngeSonto eledlule, futhi ekhubazeke konke. Futhi uhlala ezansi le ndawondawo ngaseGeorgetown, akunjalo, nenekazi, noma ndawo ndawo phakathi lapho na? ["EGeorgetown, eIndiana."] EGeorgetown, eIndiana.

Wathi, "Kodwa, Mfowethu Branham, sengimdala."

18 Ngathi, "Kodwa uAbrahama wayesemdala, naye, emdala kakhulu impela kunawe, ngenkathi ecelwa ukuba akholwe into eyayingenakwenzeka." Futhi wayemukela, futhi nango.

19 Futhi nanti elinye inenekazi lihlezi khona impela emva kwenenekazi ebengikhuluma ngalo, khona impela emva komyeni walo lapha. Inenekazi eliyikhaladi, lihlezi khona *lapha*; nelinye inenekazi, emuva lapho.

20 Izintambo, zingubufakazi obubonakalayo. Induku yokuqhugela ayisekho, kungubufakazi obubonakalayo. UJesu Kristu uyaphila futhi uyabusa, okungubufakazi obubonakalayo obukhulu bokuthi Wavuka kwabafileyo futhi unathi kulolusuku. SiMbonga kakhulu kanjani ngokuvela ezinjulweni zenhliziyo yethu, ukuthi Usaphila. Akafile. Wavuka kwabafileyo, futhi uphila phakathi kwezidalwa ezisazokufa namhlanje, ethanda njalonjalo, enamandla okwenza ngokukhulu kakhulu kunakho konke esingakwenza noma sikucabange. SiyaMdumisa ngayo yonke inhliziyo yethu, ngobubele baKhe obethembekile kithi.

21 Manje bonani ukuthi kukhona yini . . . Asekhona amanye amabhentshi phakathi lapho na? [UMfowethu Neville uthi, "Akhona abanzi emuva lapho."] Kulungile. Basenawo amanye,

esingawaletha nje siwakhiphele lapha futhi sibahlalise emsamo, uma nifisa.

22 Manje, okwesifundo sesikole sangeSonto, sizo. . .Kube wunkatho lwami, ukufundisa, kancane nje ezifundweni zesikole sangeSonto. Futhi sizo, uma uNkulunkulu ethanda, ukuzama ukuqeda udaba esiluqale ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, lapha e—ebandleni, emaSontweni ambalwa edlule.

23 Namanje, uMfowethu Junior, mhlampe, mhlawumbe bazoletha. . .Angazi noma beningahlala yini phezulu lapha emsamo, futhi nidedele nje abanye bamanenekazi. . . Ningasibuyisela khona lapha, mhlampe, futhi nenze kube—bengcono kunalokho obekungaba yikho, nisenyusele ngaphambili. Futhi kuzothi iklasi likaSonto sikole lingadeda kulelokamelo, zizobakhona ezinye izihlalo, ezinye izihlalo esezilungisiwe.

24 Manje, uma ekhona o. . .mhlawumbe ekhona ohlangene nebandla lapha. Kungokuncane, mhlawumbe, ukuphoxa noma okuthize ezihambini ukwenyuka. Kodwa uma ekhona ohlangene nebandla, ezoza athathe lezozihlalo, okuzonikeza cishe omunye umuntu isihlalo lapho bengena.

25 Manje, namhlanje, sitadisha eZwini elibusisiweyo likaNkulunkulu. Uma niwukhumbula uMlayezo owedlule, ubuseNcwadini yamaHeberu.

26 Kuyamangalisa, ukutadisha iZwi likaNkulunkulu! Lisinika ukuPhila okuPhakade. UJesu wathi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba nithi kuYo ninokuPhila okuPhakade. Futhi Yiyo Efakaza ngaMi." Futhi kuthandeka kanjani ukwazi Usibusisile, ukusipha iZwi eliphilayo. UNkulunkulu useZwini laKhe.

27 Manje, nonke phenyani emaBhayibhelini enu, kumaHeberu isahluko 7.

28 Futhi sizozama ukuba singathathi isikhathi esiningi kakhulu kulokhu ukusa, kodwa nje ukuphakanyiswa okuncane kukaKristu, ngeZwi, ukuze sinibonise ukuthi Uyini nokuthi yingani silapha namhlanje, ukuthi yingani ubuKristu buyilokho obuyikho, ngokukhuluma iZwi. "Futhi ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa kuvela ngeZwi likaNkulunkulu." IZwi!

29 Manje, siyakwazi ukuthatha amakhasi futhi siwaphenye *kanje*. Kodwa Munye kuphela okwazi ukuvula iZwi, lowo nguKristu. Ngokuba, baMbonile embonweni, njenge, "Wundlu elihlatshiweyo selokhu kwasekelwa izwe," lapho uJohane ebuka. Futhi kwakungekho-namunye eZulwini owayenamandla okuyivula iNcwadi, noma akwazi, noma ukuqaqa iziMpawu kuyo. Futhi walibona iWundlu, kungathi Lalihlatshiwe selokhu kwasekelwa izwe, Eleza layithabatha iNcwadi esandleni sokunene saKhe owayehlezi esiHlaweni sobukhosi, wayivula iNcwadi wase eqaqa iziMpawu.

30 Manje, UnguMqambi weNcwadi. Ake sikhulume naYe umzuzwana nje ngaphambi kokuba siphenye eNcwadini.

31 Baba wethu waseZulwini onomusa, ngezinhliziyo ezinkulu zothando olujulile siyeza namhlanje ukuba sinikele ngodumo nokubonga eGameni laKho lenkazimulo. Ngokusinaka kangaka, "Njengokuba siseyizoni, uKristu wafa endaweni yethu, ongenacala kwabanecala. Ethwala Yena izono zethu sonke, ezisusa," futhi wakhokha inani eliphezulu; wenelisa uNkulunkulu. "Wabuye wavuka futhi ngenxa yokulungisiswa kwethu, ehlezi ngakwesokunene saKhe namhlanje, ephilela njalo ukusinxusela phezu kokuvuma kwethu." O siKubonga kangakanani ngalelithemba eliqinile esinalo! Lapho konke macala onke kithi kudeda, ngisho nokufa okusazokufa uqobo, izinhliziyo zethu zibhekiswe kulelo laPhakade, ithemba elibusisiweyo.

32 Abaningi lapha bayadinga, kulokhu ukusa, Baba, ngenxa kamoya, ngenxa yomphefumulo wabo. Sikhulekela ukuthi Uzosindisa abangasindisiwe. Siphe khona, Nkosi. Nikeza ukuhamba okusondele kakhulu kulabo abanganaki ngakuWe. Futhi sikhulekela ukuthi Uzophilisa wonke ogulayo, ukuze kugcwaliseke okwakhulunywa yiNkosi yethu uqobo lwaYo, "Lezizinto engizenzayo Mina nani futhi." Nokuthi Yasho ukuthi sifanele si "Hambe kulolonke izwe futhi sishumayele iVangeli; sibeke izandla kwabagulayo, futhi basinde."

33 Nokubona lapha kulendlu encane, kulokhu ukusa, abantu abaningi abebehamba ngezinduku zokuqhugela ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, behamba namhlanje ngaphandle kwazo, ngokwejwayelekile. Bephakanyiswe futhi babanjwa baphakanyiswa ngokuboshwa ngaphansi yizingalo zangunaphakade zeNkosi yethu uJesu Kristu, behamba! Labo abebebulawa ngumdlavuza, balapha, bephilile. Izinceku zaKho, odokotela, benikeza isitatimende, abasawutholi. Awusekho. SiyaKubonga ngalezizinto.

34 Sithethelele amaphutha ethu, futhi ugcwalise izinhliziyo zethu ngothando. Khuluma kithi ngeZwi laKho manje, ngokuba sikucela eGameni laKhe. Amen.

35 Isandulela esincane nje, ukuthola imizwa enhliziyweni ngesifundo somBhalo wethu kulokhu ukusa. Kungukuthi, kade sikhuluma ngesiqiniseko sethemba elikithi, kahle kakhulu kunikezwa lapha encwadini yamaHeberu. Emva kokufunda ukuthi uNkulunkulu wasebenzana kanjani nabantu baKhe, uIsrayeli, ezinsukwini ezedlulayo, manje-ke siyabona ukuthi isithembiso selulelwa kithi, kusinika isiqiniseko esikhulu njengoba sibona ukuthi zonke lezozinto ezenzeka emuva ngalezozinsuku zaziyizibonelo zalokho uNkulunkulu asenzela khona namhlanje, kubantwana baKhe abakholwayo.

36 Futhi manje isandulela esincane nje sesifundo seSonto eliphambi kweledlule, sesahluko 6 samaHeberu. Sizoqala cishe kwele 12, noma ivesi 13 lapha.

> *Ngokuba lapho uNkulunkulu wamthembisa uAbrahama, wazifunga yena lokhu kungekho omkhulu kunaye, angamfunga,*

37 Ngineqiniso ukuthi iklasi lingakhumbula ukuthi sikuthathe sakufaka kanjani lokho, ukubona ukuthi uNkulunkulu wayenzeni, ukuthi Wayemthembise kanjani uAbrahama ukuthi Wayezomnika lesisivumelwano, futhi asenze naye neNzalo yakhe, kuze kube phakade kamuva.

38 NoNkulunkulu wafunga ngesifungo. Futhi noma ubani ofunga ngesifungo, ufunga ngothize omkhulu kunabo. Ngakho, uNkulunkulu wayengenaye omkhulu kunaYe, uqobo lwaKhe, angafunga ngaye, ngakho Wazifunga Yena, ukuthi Wayezosigcina lesisivumelwano noAbrahama. Manje-ke, sigxile kangakanani isisekelo, nina bangcwele beNkosi!

39 Uma sizosondela kulendaba namhlanje, ngokunomqondo ngempela, ngesizotha, singaxhuxhumi neze. Ukukholwa akuxhuxhumi neze. Ukukholwa akuphuthumi neze khona. Ukukholwa kuyazi ukuthi kukhuluma ngani.

40 Anizange niyibone iNkosi yethu ixhuxhumiswa yinoma yini. Imi ngasethuneni lomuntu ofile, Yayizothile nje njengoba Yayinjalo ngenkathi Ihlala entabeni futhi ibuka phezu kweJerusalema.

41 Imi enkathazweni, emkhunjini ezilwandle ezazizamazama, namagagasi eshukunyiswa, Yayiphumule ngokuphelele kuNkulunkulu, kwaze kwanganakeka ngisho ukunakeka ukuba kwenele ukuphaphamisa. Njalo akuthikamezeki, ukukholwa kunjalo.

42 Manje, siyathola lapha ukuthi isizathu sokuthi singethikamezeke, ngoba kwanikwa ubaba wethu uAbrahama nakubantwana bakhe. Futhi uNkulunkulu, Owanikeza isithembiso, wafunga ngesifungo ukuthi Wayezosiqinisa futhi asigcine. Futhi lokho Ukwenzile.

43 Futhi siyathola, abantwana baka-Abrahama abasiwo amaJuda ngokwangaphandle, okwakuyisizwe sa . . . ozalweni luka-Abrahama. Kodwa, ngoAbrhama kuvela uIsaka; ngoIsaka kuvela uKristu; ngoKristu, kwabusiswa izwe. Ngokuba kwathi, "KuAbrahama naseNzalweni yaKhe, okwakunguKristu." Futhi ukuphumela lapho, ukuthi, zonke izizwe zomhlaba zazizongeniswa kulesisivumelwano.

44 Nesivumelwano sanikwa uAbrahama ngaphandle kombandela. Hhayi ukuthi, "Abrahama, uma uzokwenza okuthize, Ngiyokwenza *lokhu*." Kodwa, "Sengivile ngikwenzile." Niyabo?

45 Akusikho ukuthi senzani; kuyilokho Asenzele khona. Akukho ebesingakwenza esifanele ukubongwa ngakho kunoma yini. Besingobani thina, abangalungile, ukuba sike senze noma yini ukuthi sifanele sibongwe ngokuthile phambi kukaJehova uNkulunkulu omkhulu, nobungcwele baKhe obuphezulu na? Niyabo? Thina, into kuphela esingayenza ngukwemukela futhi sibonge ngalokho Asevele esenzele khona. O, kulula kangako nje. Akunjalo na?

46 Futhi ngiyavuma ukuthi izikhathi eziningi, ekucabangeni kwabantu, ukuthi bazama ukwenza ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, njalonjalo, ukwenza okunye ukufinyelela kude okukhulu, into ekude le, "Uma kuphela bengingafinyelela kukho!"

47 Wawungathini nje uJesu ethi, "Manje ake ngihlole ukukholwa kwaMi futhi ngibone ukuthi Nginakho yini ukukholwa okwenele ukwenza lokhu. Ngibone ukuthi ngizodingeka ngizile yini ukudla isikhashana, ukubona ukuthi Ngizoba nakho yini ukukholwa okwenele ukwenza lokhu na"? Ngokupheleleyo Wayengananazi ekukholweni Ayenakho. Wavele wakukhuluma nje, futhi azi ukuthi kwakuzobanjalo.

48 Njengoba ninjalo nje nivela emakhaya enu namhlanje. Cishe nifuna ukubuyela emakhaya enu. Utshele umkakho, noma abathandekayo benu, "Ngizobuya, ngesinye isikhathi emva kwentambama nje." Wazi kanjani ukuthi unjalo na? Awuzami ukumangala, "Nginokukholwa okwenele kokuthi ngiye ekhaya na? Nginokukholwa okwenele na ukuba ngishayele imoto yami na?" Uvele nje ngokungananazi uvule ukhiye wakho, ushayele uhambe, futhi uye ekhaya. Niyabo? Ngukukholwa okungananazi okukwenzayo.

49 Kungaleyondlela kuKristu. Sivele nje ngokungananazi sithi nje, "Lelo yiZwi laKhe. Lokho nje kuyakuxazulula. Akusekho okunye kukho," bese siyaqhubeka. Baluthola kanjalo usizo.

Manje, "UNkulunkulu ezifunga Yena, engekho omkhulu."

50 Sizosheshisa bese sehla, ngokuba indaba yethu namhlanje ikuMelisedeki: *UMelkisedeki, INkosana ENkulu NeNkosi.*

51 Manje ivesi 14 lithi:

> *Wathi, Impela* ngezibusiso *ngiyakukubusisa nokukubusisa, ngiyakukwandisa nokukwandisa.*

52 Isizathu, Wayezokwandiswa ezizweni zonke. NeVangeli, ngoKristu . . . Manje, kwakungeke kukwenze ngaphansi kwesikhathi somthetho, ngoba akufinyelelanga kude kangako; kuphela kwabasokiweyo, futhi lelo kwakuyiJuda. Kodwa esigabeni sikaMoya oNgcwele, Usoke zonke izinhliziyo, niyabo, zonke izizwe. Uyokwandisa uAbrahama kuzo zonke izizwe.

> *Kanjalo, kwathi esebekezele, wakuzuza okwathenjiswayo.*

53 Ukuthi sahlala kanjani kulokho, kanjani, "UAbrahama ebekezela." *Ukubekezela*, ngukubona (ini?) uNkulunkulu ongabonakali kube sengathi Wayebonakala, emi phambi kwakhe. "Futhi emva kokubekezela kwakhe, emva kokuba esebekezelele impi el'khuni, wadla ifa lesithembiso."

54 Manje akumangalisi yini? Kubukeka sengathi uNkulunkulu wayengavele ehle bese emnika isithembiso ngaso lesosikhathi, futhi wenza umsebenzi ngaso lesosikhathi. Wayengakwenza.

55 UHana, ngenkathi esethempelini, futhi wayekhuleka. NoEli waphuma, futhi wacabanga ukuthi wayedakiwe. Wayesethi, "Angidakiwe, kodwa ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu asuse ihlazo lami."

Wathi, "INkosi uNkulunkuu ayikuphe isicelo sakho—sakho."

56 Manje, uNkulunkulu wayengambeka uSamuweli omncane ezingalweni zikaHana ngqo. Sonke siyakwazi lokho. UnguMdali wezinto zonke, uvele nje akhulume into ibekhona. Wayengakubeka ngqo engalweni kaHana. Kodwa, esikhundleni sokwenza lokho, kwakuyindlela ejwayelekile yezinyanga eziyisishiyagalolunye ngaphambi kokuba kufike ingane encane. Wayengakwenza masinyane, kodwa Akakwenzanga masinyane. Umnika isithembiso nje. Futhi wadla ifa lesithembiso.

57 Ngenkathi uNkulunkulu etshela uMose, ngenkathi eqala ukuphuma, ukuba ayongena ezweni lesithembiso, "Sonke lesosithembiso," Wathi, "Nginika uAbrahama eminyakeni eyedlula, lonke libiyelwe ngamaFilisti nazo zonke izinhlobo zabantu abakhulu lapho, amabutho." Wathi, "Manje elenu lonke." Nanko ama-Amori, amaHivi, namaPherizi, nabobonke labo lapho, namaHivi, amaJubini, amaFilisti, konke kusePalastine. Manje uNkulunkulu wathi, "Ngininike lona. Ngelenu. Manje hambani nilidle."

58 O, ngiyethemba niyakubona, bantu. Yinto engizama ukuyiletha kini, ukubeka ukukholwa kwenu lapho kungokwakhona. Abantu abaningi, njengoba ngithola, banga . . . Banokukholwa, uma kuphela bebazi ukuthi kusetshenziswa kanjani.

59 Ngenkathi uBenjamin Franklin kuqala esungula ugesi, wathi, "Sengiwutholile. Sengiwutholile." Kodwa wayengazi ukuthi wayenani.

60 Kufika uThomas Edison, wayesethi, "Uzosisebenzela." Futhi akakhathalanga ukuthi kwathatha isikhathi eside kangakanani; wazama izintambo eziyizinkulungwane eziyishumi. Kodwa, nokho, wathola intambo okwakuzothi ekugcineni ithwale okunogesi, noma ugesi, phakathi entanjeni. Wayazi ukuthi kwakungamandla, nalawomandla ayezosebenzela ukusiza thina.

61 Futhi manje sithole insindiso, ezosisindisa esonweni; ezothatha owesifazane noma owesilisa onobubi kunabo bonke, isidakwa, isifebe, futhi ubenze umntwana kaNkulunkulu. Awu, lokho kukholwa okufanayo...Lawomandla afanayo ayophakamisa owesilisa noma owesifazane owileyo kulokho, kuzosisebenzela azosisebenzela ngezindlela eziningi ezehlukene. Azosindisa imizimba yethu, uma nje ningathola indlela yokusondela efanele. Nifanele nithole ukuthi kwenziwa kanjani.

62 Njengokuthi, uma bengine—nepulazi ngale kule*li*gquma, ligcwele ukudla okusanhlamvu okuhle, futhi sekucishe kufe nje ngenxa yamanzi. Futhi nginomthombo ophethuzayo *ngapha* kwegquma. Awu, angikwazi ukwenza lowomthombo ophethuzayo ukuba uphose amanzi phansi *lapha,* naphezulu ngapha kwegquma, ukuba ngilinisele. Kodwa ngifanele ngilihlole lelozwe futhi ngithole ukuthi lawomanzi azowuthatha kanjani umsinga wawo nomzila, bese eyajikeleza bese enisela lokhokudla. Azokwenza uma ngizowadedela agijime ngomgudu wawo uqobo.

63 Futhi yileyonto efanayo uMoya oNgcwele oyiyo, nesithembiso sikaNkulunkulu. Uma sizoWudedela ugijime ngendlela yaWo; futhi kungabi yithi singena endleleni, kungabi yithi siphosa ukungabaza kwethu lapho, ngoba *lokhu* akuzange na*lokho* akuzange. Dedela uMoya oNgcwele kaNkulunkulu nje usebenze, futhi wena uphumule esithembisweni, Uyokwenza khona impela uNkulunkulu athi Uyokwenza.

64 UAbrahama wase eyikhehla, eneminyaka eyikhulu ubudala, ngenkathi uNkulunkulu ebonakala kuye ngegama likaNkulunkulu uSomandla. U "Somandla," lapho, livela egameni lesiHeberu lika *El Shaddai*, elichaza, "isifuba, noma ibele lowesifazane." Manje wayesegugile. Amandla akhe ayengasekho. Kodwa u *El Shaddai* unguSomandla, "umnikezeli-mandla." Futhi konke uAbrahama ayefanele akwenze ukuba azuze lesisithembiso, kwakunguba acambalale kulesosithembiso ngqo. Ngamany'amazwi, njengengane kunina; futhi incela kunina, amandla engane.

65 Futhi senza into efanayo uma siza kuNkulunkulu futhi sibone isithembiso saKhe. Sivele sicambalale kuYe nje bese sidonsa eZwini laKhe, amandla kaNkulunkulu, enikezwe emzileni waLo, singathathi umqondo ongowethu; siLikholwa nje.

66 "Esebekezele, wakuzuza okwethenjiswayo." O, ngiyakuthanda nje lokho! Manje, into efanayo isebenzela insindiso, kusebenza ngokufanayo nasekuphiliseni kukaNkulunkulu. Ukuthi kwabanjani uNkulunkulu, othandweni lwaKhe olukhulu nesihawu esingenakuphela, usinika sona! Manje:

*Wathi, Impela*. . .*nokukubusisa, ngi*. . . *nokukwandisa.*

*Kanjalo, kwathi esebekezele, wa*bekezelela *okwathenjiswayo.*

67 Ivesi 16:

*Ngokuba abantu bafunga omkhulu kunabo: kubona ukuqinisa ngokufunga,* baqinisa*, kuyaqeda ukuphikisana konke.*

68 Ngamany'amazwi, uma isifungo sifungwa, kuba-ke ngukuqedwa kwezinto zonke. Uma ufika bese uthi, "Mfowethu Branham, mina, njengomKristu, ngibeka isandla sami phezu kweBhayibheli futhi ngifunga ngokuqinisa ukuthi ngizokwenza into ethize. Uma uNkulunkulu engivumela ngiphile ukuba ngisenze, ngizosenza." Kulungile. Manje-ke, kimi, lokho kungukuqedwa kwakho konke ukungabaza. Niyabo? Ufungile kimi ukuthi uzokwenza.

69 NoNkulunkulu wafunga kuAbrahama ukuthi Uyosigcina lesisivumelwano naye naneNzalo yakhe kuze kube-phakade. UNkulunkulu wazifunga Yena, ukuthi Uyokwenza. Futhi ngokwenzenjalo . . .

70 Phansi komthetho omdala, uma wenze isifungo phansi komthetho omdala, wawubulala isilwane, usisike izingxenye ezimbili. Bese kuthi amadoda amabili isifungo esasithathwe yiwo, ame phakathi kwesilwane, bese ebhala esiqeshini sephepha isivumelwano esithize esiyinkontileka. Nalesosiqephu sephepha sasidatshulwa sehlukaniswe, sinikwe eyodwa nenye indoda. Futhi ayethatha isifungo phezu kwalesisilwane esifile, ukuthi, uma bephule lesosivumelwano phakathi kwabo, mababe njengalesisilwane esifile.

71 Ngakho, uNkulunkulu, engenaye omunye ayengafunga ngaye, Wazifunga Yena, futhi Wathatha isifungo phezu komzimba weNkosi uJesu Kristu, ekubona kungakenzeki esithunzini. Futhi esivumelwaneni, ngenkathi Ethatha uKristu emyisa eKalvari, Wadabula umzimba waKhe wehlukana kabili. Futhi Waphakamisa umzimba waKhe, ukuba uhlale ngakwesokunene saKhe; wase ebuyisa uMoya oNgcwele, ukuba ube kumKristu, ukwenza into efanayo lapha eBandleni Ayenza kuKristu ngenkathi Elapha emhlabeni. Futhi efakazisa, ngalokho, ukuthi Uyosivusa ngezinsuku zokugcina, ukuba sihlale kanye naYe futhi sibe kanye naYe eMbusweni waKhe.

72 Futhi, namhlanje, ukubona uMoya oNgcwele ofanayo, owawuphezu kukaJesu Kristu, usebenza eBandleni, uqinisa yonke into uNkulunkulu ayishoyo! Ithemba elimangalisa kanje pho okulakha phakathi kithi, ukucabanga ukuthi singabantwana baKhe, nababusiswe nguBukhona baKhe! Futhi manje Ulapha kanye nathi, njengobufakazi obungenakuphosisa

ukuthi UyiNkosi uNkulunkulu Owenza isithembiso kuAbrahama.

73 Manje lalelani, ivesi 17.

> *Kulokhu-ke uNkulunkulu, ethanda kakhulu impela ukubonisa izindlalifa zesithembiso ukungaguquleki kwecebo lakhe, waqinisa ngesifungo:*
>
> *Ukuze ngezinto . . . ezingeguquleke, uNkulunkulu angeqambe amanga . . ., sibe-nenduduzo enamandla thina esibalekele ekulibambeni ithemba esilimiselweyo:*

74 Isithembiso esimangalisa kanje pho, "Izinto ezimbili ezingeguquleke!" UNkulunkulu angeqambe amanga, abe nguNkulunkulu. Manje, uma uNkulunkulu enze isithembiso eBhayibhelini laKhe lapha, siyalikholwa iBhayibheli ukuthi liyiZwi likaNkulunkulu elingenakuphosisa. Futhi uma uNkulunkulu enze isithembiso kuleliBhayibheli, sinalenduduzo futhi siyazi ukuthi akunakwenzeka ukuthi uNkulunkulu aqambe amanga. Ngakho-ke, uma sibona ukuthi Wakwethembisa eBhayibhelini, siyakukholwa, umphefumulo, umzimba, nomoya. Akunakwenzeka ukuthi aqambe amanga. Manje uma kukhona iphutha, likithi, hhayi kuNkulunkulu. Ngokuba, uNkulunkulu ubophezelekile eZwini laKhe, ngokuba Ufunge ngeZwi laKhe. O, he!

75 Ngineqiniso, uma sikubona kanjalo, izinto ziqala ukulolongeka futhi ziqongeleleke ngokwehlukile kunalokho ezazivamie ukuba yikhona. Ukuphiliswa komzimba akubi yinganekwane. Kuba yinto yangempela. Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele awubi yidlingozi, into esetshenziwe. Kuba yinto yangempela, yokuhlala ngaphakathi koBukhona beNkosi uJesu Kristu, ukuguqula impilo.

76 Ebusukwini obumbalwa obedlule, emhlanganweni womkhuleko, indoda yathi kimi, "UMoya oNgcwele wanikwa . . . Kwabayishumi kuphela, noma abayishumi nambili, ngoSuku lwePentekoste."

77 Ngathi, "Awu, manje-ke, uthini ngekhulu namashumi amabili elalilapho ngesikhathi esifanayo, esaMemukelayo na? Uthini mayelana nasezansi endlini kaKorneliyu, ngenkathi abeZizwe beMamukela na? Eminyakeni engamashumi amathathu kamuva, ngenkathi uPawulu ebuza ama—amaBaptisti ukuthi ngabe ayemamukele yini uMoya oNgcwele lokhu akholwayo na; futhi wabeka izandla phezu kwawo, futhi emukela uMoya oNgcwele. Emisa ibandla laseKorinte ngokwenqubo eyiyonayona, 'Umisile futhi eBandleni, abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, iziphiwo zokuphilisa,' nazozonke lezoziphiwo ezimangalisayo, iminyaka ngeminyaka ngaphambili le kwePentekoste."

78 Manje-ke, Ukhona namhlanje, kulolonke ikholwa. "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke

okudaliweyo." Kuze kufikephi? "Ezweni lonke." Abangaki? "Bonke abantu." "Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa. Ongakholwa uyakulahlwa. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo: ngeGama laMi bayakukhipha amademoni, baphilise abagulayo, njalonjalo."

79 Nakho lapho okhona. Yisithembiso sikaNkulunkulu, Afunga ukuthi Uyokwenza. Akunandaba ukuthi bangaki ovukayo ukuzama ukufanisa noma ukuLilingisa, ukuthi zingaki izinto ezivukayo ukuzama ukuLiphikisa noma ukuLehlisa, Liyoqhubeka njalo njalo njalo, kuze kube-phakade, ngokuba uNkulunkulu wazifunga Yena ukuthi Uyosigcina. Uma ngehluleka ukuLishumayela, futhi ngiwenzele phansi, uNkulunkulu uyovusa omunye endaweni yami ukuba aqhubeke naLo. Uma wehluleka ukuLikholwa, kuyobakhona umuntu ongena endaweni yakho, ukuba aLikholwe, esikhundleni sakho, ngokuba uNkulunkulu ufungile ukuthi Uyokwenza. O, induduzo enje pho asinika yona!

80 Nengxenye enhle ngakho, mngane wami ongumKristu, ngukucabanga, ukuthi manje sinobufakazi obubonakalayo baLo. SinaLo lapha esibusisweni. SinaLo emandleni. SinaLo ezimangalisweni. SinaLo ezibonakalisweni. SinaLo esithombeni. SinaLo ngandlela zonke uNkulunkulu aLethembise ngazo, ngisho nangaphezu kokuba Ethembisa ukukunika thina. Futhi alinakuphosisa, iQiniso. Iqiniso, elingesilo elomuntu, elingesilo iqiniso likathisha othize noma isazi sokwazi izimfihlo zokudabuka kwezinto zonke ezikhona, kodwa yiQiniso likaNkulunkulu uSomandla. Futhi ithemba elinje pho eLisinika lona! Akumangalisi singacula:

Ithemba lami lakhelwe kuphela
EGazini likaJesu, ngokulunga;
macala onke omphefumulo wami kudeda,
Khona-ke Uyithemba lami lonke nokuhlala.

Ngokuba, simi, kuKristu, iDwala eliqinile;
Konke okunye yisihlabathi esibishayo.

81 Noma ngabe kungukuthandwa ngabantu, noma ngabe yibandla lethu, noma ngabe abangane bethu, esihambisana nabo, noma kungaba ubani; noma ngabe udokotela wethu, noma ngabe umpristi wethu, noma ngabe umshumayeli wethu; yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo. UKristu, yedwa! Futhi wonke umuntu owake wakhuphukela kunoma yini kulenkundla enkulu yempi yombango, bekungabesilisa nabesifazane abama bodwa kulokho abakholelwa kukho. Lapho yonke enye into yehlulekile, babelokhu bemile.

82 UAbraham Lincoln, wasendulo, wayenelisekile ukuthi wayeqinisile. Wama yedwa, kulokho ayekholelwa kukho, kodwa wakufakazela futhi waphawula ubufakazi bakhe ngegazi lakhe uqobo.

83 UJesu Kristu wama yedwa, ngosuku lwaKhe, njengesibonelo sokuthi wonke umuntu, phezu kwalokho akholelwa kukho eQinisweni likaNkulunkulu laPhakade, oyothatha isinqumo sakhe ngendawo eyiyonayona, futhi ame, uyoma yedwa. Kodwa, hhayi yedwa; noNkulunkulu! Umngane amphelekezelayo ongabonakaliyo Osilandela lonke uhambo lwempilo, ukudabula phansi emathunzini, ezigodi zamathunzi okufa, nasekungeneni ePhakadeni. Uyolokhu ehamba nathi, futhi abe nguNkulunkulu.

84 Manje-ke amathemba ethu akhelwe phezu kwani kulokhu ukusa na? Imbangela, uNkulunkulu wafunga ukuthi Uyokwenza kuAbrahama. Akafunganga kuAbrahama kuphela, kodwa kuwowonke oweNzalo yaKhe. Ubani iNzalo na? Ngiba i. . . Wena obenesimemo sokuza eNkosini uJesu Kristu, iNzalo ka-Abrahama. Impela, kukhona abantu ongabiziwe. Kodwa, kinina nonke lapha kulokhu ukusa, obenobizo.

85 Yingani nilapha ebandleni kulokhu ukusa na? [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] Ikhona into enitshele ukuba nize. Niyazi ukuthi bekungesiso isitha, esizama ukuba sinithole nenze okungafanele; esizama ukunithola ukuba nenze okungafanele, ukuba nize enkonzweni. Beningeke nikwenze lokho. Uma niza enkonzweni, nenza kahle.

86 NoJesu washo, emaZwini aKhe uQobo, ukuthi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba engamdonsi. Nawo wonke ozayo, Ngiyobapha ukuPhila okungunaphakade, futhi ngimvuse ngemihla yokuphela." Kucabangeni, ukuthi wonke umuntu oza ngesimemo seNkosi uJesu Kristu, wethenjiswa ukuPhila okuPhakade nokuvuka ngemihla yokuphela; ngoJehova uNkulunkulu Owafunga ngesifungo ukuthi Uyokwenza, futhi athumele iNdodana yaKhe futhi waqinisa iZwi. Futhi Wafunga ukuthi Uyokwenza; ukunikeza ngomfanekiso, kuAbrahama; wakugcwalisa kuJesu Kristu, waMvusa!

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami waziyisa kude;
> Evuka, Walungisisa ngesihle phakade;
> Ngolunye usuku Uyeza, O usuku olukhazimulayo!

87 Nakho lapho okhona. Ukulungisiswa kwethu! Njalo uma nizwa igabade liwela ebhokisini lomngcwabo ikhaskhethe; bethi, "Umlotha emlotheni, nothuli othulini, umhlabathi emhlabathini," ukukholwa kwethu kubuka kude kwelinye izwe ngaleya, lapho okukhona ithuna elingenalutho; ukuthi, ngolunye usuku lwenkazimulo, Lowo Owethembisa ukuza uyoza. Futhi njengoba impela uJesu avuka kwabafileyo, siyovuka kanye naYe ekuvukeni. Ithemba elihle kanje pho esinalo!

88 Manje, sehle njalo, ngokushesha. Isikhathi sethu sizosibalekela ngaphambi kokuba sikwazi. Manje, ngikholwa ukuthi yivesi 19.

> *Ithemba esinalo linjengehange lomphefumulo, liqinile ligxilile,* langena *koku*phakathi esihenqweni;

89 Ihange lomphefumulo wethu, elihambe layongena evelini, ngaphambili le kweveli, futhi libambelele ngehange!

90 Niyazi, umkhumbi, ngezinye izikhathi. . .Abasebenza embuthweni njalonjalo, bayakwazi, nani enikade nisolwandle. Uma, ngempela, amagagasi lishaya kanzima kakhulu esikebheni, basimisa ngehange. Futhi linentambo eyehlela phansi, esibambayo. Futhi lingasijikisa siye *ngapha,* futhi lisijikise siye *ngapho*, kodwa lelohange liyasibamba. Ihange! Bangelibone izwe, noma yikuphi. Kodwa behlisa ihange ngaphambili le kweveli, okungamanzi, nalelohange lehlela phansi lize liyofika ezinzulwini zolwandle, isiqongo—isiqongo sentaba ethize ezinkulu ndawo ndawo. Futhi lidonseke lize liyobamba kuleyontaba, libambelela kulowomfantu lapho, futhi lonke ulwandle lungeke lusasinyakazisa. Sibambelele ngehange, elingabonakali.

91 Futhi wonke umuntu owemukele uJesu Kristu njengoMsindisi oqondene naye, wazalwa kabusha ngoMoya oNgcwele, wehlise ihange. Uma ugula, nethemba lakho lakhelwe kuKristu, wehlise ihange lakho. Udokotela angasho *lokhu, lokho,* noma *okunye;* kodwa, njengoba impela nje ukukholwa kwakho kubuka ngapheshe ya! Amagagasi, ukuguliswa ngamalumbo, kungaqubuka imfiva, nakho konke kanjalo, kodwa ihange lakho libambelele phakathi kweveli.

92 Ndawo ndawo ngapheshe ya ezweni elifiphele, uthi, "Amathemba akho onawo akhelwe phezu kwani na? Udokotela uthe alisekho. Umuthi uthi ngeke usenza lutho. Umsebenzi wobudokotela bokuhlinza wehlulekile." Kodwa amathemba ami alakhelwe kulokho.

93 Sinamathemba ethu phakathi kweveli. Veli yini na? Ngokuchitheka kweGazi laKhe, eladabula uMoya waKhe emzimbeni waKhe. Futhi, phakathi naleloveli lapho, ihange libambe Into ethize.

94 Ngike ngabona umkhumbi, ngesinye isikhathi, ngenkathi ushukunyiswa phandle lapho. Futhi ngacabanga, "Yini ebambe lowomkhumbi kuleyondawana efanayo na?" Angiqondanga. "Uhlezi laphaya olwandle na?" Futhi ngaqaphela amagagasi ayewuthatha awujikise *ngapha,* abuye awubuyise *ngapha,* kodwa awugudlukanga kuleyondawo. Ngangingaboni lutho. Kodwa kwakukhona ucingo oluncane, intambo, eyayehlile isuka ekhaleni lalowomkhumbi, phezu kwehange elalibambelele kwenye into ngaphansi kweyami. . .lapho engangingaboni

khona, ngaphambili le kwamanzi. Futhi lalibambelele lapho. Futhi ngathi, "Akabongwe uNkulunkulu!

95 Yebo, ngolunye usuku, ngathola ihange. Ngafunda phansi lapha, Lathi, "Othandayo, makeze." Ngaphosa lelohange ngaphambili le kwento ethize engangingayiboni. Into ethize yabambelela. Futhi uma impi idlangile, iHange libambelela phakathi kweveli. Uma kuvuka abaphikinkolo, kuvuka nezinkathazo, nakho konke macala onke kimi kudeda, ihange lethu libambelela phakathi kweveli. Kukuphi lokho na? Angazi. Kodwa kungaphambili le kweveli, ndawo ndawo ngaleya, kubambelele ngehange eDwaleni lemiNnyaka. "Ihange lethu ligxilile, alinyakazi. Libambelela phakathi, phakathi kweveli."

*Ithemba esinalo njengehange lomphefumulo, eliqinile eligxilile, . . .*

96 "Eliqinile eligxilile." O, ukuba nje besinesikhathi esithe xaxa, ukuthola ukuthi kuchaza ukuthini ukuthi *isiqiniseko*. "Qinisekile," into oyaziyo, nesiqiniseko sakho. Siqiniseko sini na? "UNkulunkulu wafunga ngesifungo ukuthi Uyokwenza." Yileso isiqiniseko.

97 Lapha ngesikhathi esithize esedlule, indoda ifika kimi, yase ithi, "Billy, ngifuna ukukuthengisela ipolisi yomshuwalense."

98 Manje, umshwalense ulungile. Anginawo, mina uqobo. Ngiqagele ngawucwaningisisa kakhulu. I—inkampani yake yashaya ubaba wami osemdala bandla, ngesinye isikhathi, kokuninginingi, ngoba wayengafundile nhlobo ukuba akwazi ukufunda ipolisi. Nommeli wasePhiladelphia akakwazanga ukuyifunda iqonde, empeleni. Ngakho wathi . . . Wamthengisela lepolisi. Futhi wayikhokhela, enzela umfowethu nami, iminyaka engamashumi amabili. Efika, wathi, "Iyobe isingamadola angamakhulu amahlanu ekupheleni kwesikhathi." Futhi ngokucindezeleka nezinto, umfo omdala bandla esebenza! Ekupheleni kwayo, basitshela ukuthi ipolisi babeyifunde kabi. "Yayingamadola ayisikhombisa nosheleni abahlanu." Ngakho, kwathi ukungiphatha kabuhlungu. Manje, abanjalo bonke. Bakhona abathengisi bomshwalense abahlezi lapha njengamanje.

99 Izikhathi eziningi, abantu ufikile wayesethi, "Billy, ngifuna ukukuthengisela umshwalense." Manje, ngiqagele ulunge ngokuphelele.

Ngathi, "Buka, nginawo umshwalense."

100 Futhi wathi, "Nhloboni yomshwalense onawo?" Wathi, "Polisi yini onayo?"

Ngathi, "UkuPhila okuPhakade."

Wathi, "UkuPhila okuPhakade?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

Wathi, "Ubani othengisa lawomapolisi?"

Ngathi, "INkosi uJesu."

Wathi, "Futhi unomshwalense?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

Wathi, "Uyinhloboni, ngempela? Uyini, Billy?"

Ngathi, "Uwumshwalense."

Wathi, "Ini?"

101 Ngathi, "Isiqiniseko esibusisiwe, uJesu ungowami! O ukunambitha okuzayo kwenkazimulo yaPhezulu!"

102 Wangigaxa; ushomi osengumfana. Sasimi ngaphesheya komgwaqo impela lapha. Wathi, "Billy, lowo ngeke ukufake emathuneni enhla lapha."

103 Ngathi, "Ngiyazi. Kodwa Uyongikhipha. Angikhathazeki ngokungena lapho. Kodwa Uyongikhipha." Kunjalo.

104 Ngangicabanga ngepolisi yomshwalense wami ngenkathi ngigula, kodwa awungisizanga. Kodwa, umshwalense wami, kaJesu, nganginehange, "ugxilile," isiqiniseko sokuthi, "UNkulunkulu wazifunga Yena," Uyoligcina lonke iZwi Alethembisa.

105 Ngenkathi uMayo ethi, "Akusekho-themba ngawe," kungasekho-themba ngami ukuthi ngingaphila; nganginesivuvu sokushisa esasizothi ekugcineni singibulale. Kodwa ihange lami labambelela phakathi kweveli. "Awu, ubonani na? Angazi ukuthi ngibonani. Kukhona engikwaziyo.

106 Kuyilokho-ke. Uyakwazi. Akuyi ngemisebenzi. Kuya ngokukholwa. Siyakukholwa.

107 Nhloboni yomshwalense uAbrahama ayenayo ovela kudokotela, inhlangano yezemithi yokwelapha yase Ur-i, noma kuyiphi enye indawo na? Ngenkathi eseneminyaka eyikhulu ubudala, noSara enamashumi ayisishiyagalolunye, babezoba nengane. Kodwa ihange lakhe labambelela phakathi kweveli, ngokuba uNkulunkulu umnika isithembiso futhi waphumula kuso. "Futhi wabiza izinto eyayingekho ngokungathi zazikhona," ngoba azi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi; nakhu, uNkulunkulu wayekwazi ukwenza lokho Ayekwethembisile.

108 Wenza izwe. Wenza mina. Wenza yonke into. Wenza wena. Wenza konke, yonke into, ngeZwi laKhe. NeZwi laKhe liyokwenza khona nje Elithi Uyikho, Liyokwenza.

109 Manje, o, kanjani, ithemba elinje pho! "Ithemba esinalo, isiqiniseko sethemba, phakathi kweveli."

110 Sifanele sisheshise manje ngoba sinomugqa omkhulu womkhuleko ozayo.

111 Qaphelani, "Lapho . . ." O, he! Kulungile, bukani, wonke umuntu manje. Ivesi 20, bukani leli nje.

*Lapho uJesu eyisigijimi sokusandulela wangena khona,* wangena,. . .

112 Isigijimi esandulelayo sani na? Isigijimi esandulelayo sokusindiswa kwethu, ngokwenyama nokomoya. "Ngokuba Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo, nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Isigijimi esandulelayo sokusindiswa kwethu sesivele singenile. "Isiqiniseko, usevele ungene, ngisho uJesu."

*. . .esewaba ngumpristi omkhulu kuze kube-phakade ngokokuma kukaMelkisedeki.*

113 Manje sifika lapho sifuna khona ukuba sithole lendikimba masinya manje futhi singene kuyo.

114 Zonke lezizithembiso ezinkulu, sizinciphisa okwentamo yebhodlela zibe yinto eyodwa, ukuthi, "UJesu, isigijimi sokusandulela, OwayeyiNzalo ka-Abrahama," ngoMoya oNgcwele usibizele kulelithemba elibusisiweyo esinalo manje, "ihange lomphefumulo, ligxilile liqinile, limi ngehange phakathi kweveli." LoJesu, enziwe isigijimi esandulelayo, owayengokokuma kukaMelkisedeki.

115 Manje, loMuntu omkhulu, uMelkisedeki, sifuna ukukhuluma ngaYe imizuzu embalwa elandelayo. Sisheshisa, imizuzu eyishumi noma eyishumi nesihlanu elandelayo.

116 Bese-ke, kuba eyomugqa yomkhuleko, yakhani ukholo lwenu manje. Ningamvumeli udeveli anirobhe nganoma yini. Nilapha kulokhu ukusa, kulendlu encane, lapho khona uNkulunkulu uSomandla ezofika angene kulokhu ukuhlala okuthobekileyo lapha. Wena uthi, "Ibukeka iyimbanyana." Kodwa Ufika emkhombeni.

117 Uyofika kunoma yiyiphi inhliziyo ethobekileyo eyovula bese ithi, "Yebo, Nkosi Jesu, ngiyaLikholwa. Ngingahle ngingaLiqondi ngisho, kodwa ngiyaLikholwa, noma kanjani."

118 Lelithemba elibusisiweyo esinalo, "UKristu, isigijimi esandulelayo, usevele ufikile." Niyazi ukuthi siyini isigijimi esandulelayo na? Into egijima ngaphambili, noma ehamba ngaphambili. UKristu, eyisigijimi esandulelayo, manje-ke, sokusindiswa kwethu, wafika emhlabeni; nokuzoba yisibonelo seBandla, ukuthi iBandla lalizoqeda imisebenzi yaKhe, noma liqhube imisebenzi yaKhe, emva kokuba esephelelise umhlatshelo waKhe eKalvari. Niyakubona na? Qaphelani.

119 Kwase kuthi-ke, Wazalelwa ebuphansini, emkhombeni impela. Kwahlekiswa ngaYe; njengoba niyoba njalo, kumbe noma ubani omunye oMkhonzayo. Kodwa ngenkathi esesemhlabeni, Yena, "Owayengabheki ubuso bomuntu," Wabathanda bonke. Yena, Wabaphilisa bonke. Wababusisa bonke. Wayenza okuhle nomaphi lapho Ayeya khona. Wanikela

ngokuphila kwaKhe njengomhlatshelo; wafa, wembelwa. Wavuka, wenyukela phezulu, njengesigijimi esandulelayo kithi.

120 Futhi wona impela uMoya owawuphezu kwaKhe usubuyile ukuba uzoba neBandla, ukuhola nokuLiqondisa. Ekhuluma, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona. Nokho, niyoNgibona nina, ngokuba Ngi . . ." "Ngi" yisabizwana somuntu. "Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Njengokuthi, siqondisa imiqondo yethu emhlatshelweni waKhe omkhulu ophakemeyo, njengesigijimi esandulelayo sethemba lethu elibusisiweyo esinalo phakathi kweveli manje.

121 Manje-ke, ngokukholwa siyaLikholwa. Ihange lethu liphumela lapho, nemicijo yaLo, eZwini likaNkulunkulu, inamathela phakathi kweveli. Futhi, umugqa womkhuleko lapha, lisibamba sigxile esithembisweni. "Singagubhi okwamagagasi, sishukunyiswa, yiyo yonke imimoya yemfundiso. Kodwa sigxile, singanyakaziswa, njalo sivame emseni weNkosi, ngokuba njengoba niyazi imisebenzi yenu ayisilo ize eNkosini." Ithemba elinje pho!

122 Manje, loMelkisedeki, ngikhuluma ngaYe nje lapha, phandle impela . . . UPawulu ekhuluma namaHeberu, eTestamente eLidala, ngomfanekiso.

123 Asiphenye emuva kuGenesisi, isahluko 14, futhi sifunde kancanyana nje ngaphambi kokuba siqhubeke, ukuthi Wayengubani loMelkisedeki. Siyafunda esahlukweni 14 sikaGenesisi, nevesi 14, siqale.

124 UAbrahama, niyazi, wayebizwe waphuma ezweni lamaKaledi, izwe lase—lase Uri . . . umuzi waseUri, njalo, izwe lamaKaledi. NoNkulunkulu wamtshela, "Zahlukanise nabantu bakini, futhi ube wedwa." Ake ngibeke isigcizelelo kulokho.

O, ukuba besinesinye isikhathi kulokhu, namhlanje! Sikalelwe kakhulu.

125 "Zahlukanise nabantu bakini, futhi ube wedwa, futhi Ngiyakukubusisa." Niyabo?

126 Futhi ukuze uzuze lesisithembiso esifanayo uAbrahama anaso, ufanele uzehlukanise nakho konke ukuxhumana kokwezwe, zonke izinto zezwe. Izifiso zakho ezinesono, izinkanuko zakho, ukuzwelana nezwe, nazo zonke lezizinto, zahlukanise nento. Ube wedwa, ungene ezweni lezizwe, izwe ongakaze ube kulo ngaphambili, ukuba ungahambi ngokubona, kodwa ngokukholwa.

127 Ngokuba, uAbrahama wayengenalutho. Futhi, bukani, u . . . Akekho owayeke wawela lomfula iEwufrathe futhi wagogobala kulelizwe. "Kodwa uAbrahama, ngokukholwa, washiya elakubo, futhi waya phambili, ezahlukanisa."

128 NjengeGazi likaJesu Kristu, namhlanje, ngoMoya oNgcwele, usehlukanisa nezinto zezwe, ukuba sihambe ekuphileni okusha; sigxekwe, kuhlekiswe ngathi, sibizwe "ngabagingqiki abangcwele," singaqondakali, kodwa ihange liyabambelela.

129 AmaHeberu 11 athi, "Bazulazula bembethe isikhumba semvu nezikhumba zezimbuzi, beswele, nezindawo, ngokuba bakholwa ukuthi babefuna uMuzi OMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu." Into ethize ephakathi kwabo, yabatshela, "Kwakukhona iZwi, uMuzi, OMakhi noMenzi wawo kwakunguNkulunkulu. Futhi bawufuna lowo, bengazi ukuthi babeyaphi."

130 Kungaleyondlela kuye wonke oyisihambi namhlanje. Ufuna into ethize angeke abeka izandla zakhe kuyo, kodwa uyabubona ubufakazi obubonakalayo baYo buza macala onke kuye. "Yini engenze ngenza *lokhu* na? Yini eyenza lona wesifazane okhubazekile ahambe na? Yini eyenza lowo wesifazane okhubazekile ahambe na? Yini eyenza lesisibhono sasuka endodeni na? Yini eyenza lowomdlavuza wasuka kowesifazane na? Yini eyenza lezozindlebe ezingezwa zivuleke ngobunye ubusuku, lapha, koneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nambili ubudala na? Kwenziwa yini na?" Yizingxenye ezingaphezu kwemvelo, ukuthi ihange. . . LowoMuzi OMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu, esiwubhekile, nokho asikwazi ukubona ukuthi Ukuphi, kodwa okumisa ihange phezulu ngaleya. "Ihange liphakathi kweveli. Amathemba ethu agxilile, awanyakaziswa."

131 NoAbrahama walishiya izwe, wagogobala, wazibiza ngomfokazi nesihambi.

132 Futhi, bukani, uAbrahama, njengazo zonke izidalwa ezisazokufa; hhayi umuntu ongasayikufa, hhayi umuntu ongeke alenza iphutha, kodwa wenza amaphutha njalo njalo. Kodwa akunandaba ukuthi wenza amaphutha amaningi kangakanani, ihange lakhe lalilokhu lisabambelele, ngokuba wayenesithembiso.

133 Ngakho, watha kanye naye, uSara. Wathatha uLoti. Wathatha uyise. Inqobo nje uma babesenaye, uNkulunkulu wayengenakukwazi ukumbusisa. Umuntu omdala ekugcineni wafa, futhi bammbela. Waqhubeka wenyuka phambili kancane, noLoti ehlubukile. Futhi niyazi ukuthi kwenzekani lapho. Futhi wazehlukanisa naye. Khona-ke uNkulunkulu wabonakala kuye futhi, "Manje, Abrahama, buka wonke umhlabathi. Ngowakho wonke." Ngenkathi ekhetha ngokukhetha okuyikho. Yilokho-ke. Zahlukanise nazo zonke izinto.

134 Ngizofanele ngisho lokhu. Bukani. Ngethemba ukuthi Liyayithola indawo yalo yokuphumula, ngoba angizange ngikucabange, ukuhlosa ngaphambili.

135 Mhlawumbe yingalesosizathu abanye bethu bengaqhubeki kahle. Sibambelele ezintweni ebesifanele siziyeke zihambe, ekwehlukanisweni. Ukungabaza okuncane, ukumangala okuncane, ukuba-manqikanqika kancane: "Angazi noma Lilungile yini. Kungaba yilo nje Leli na? Kungaba yilo nje Lelo na? Lingaba yilo kanjani na?" Sika udedele, kulokhu ukusa!

136 AmaHeberu 12:1, athi, "Masilahle konke okusindayo, nesono esithandela kangaka kithi." I "sono," yini leyo na? U "kungakholwa" okuthandela kangaka kithi. "Sigijime ngokubekezela kulokhukuncintisana esikumiselweyo, sibhekile kuKristu umqalisi nomphelelisi wokukholwa kwethu."

137 Qaphelani uAbrahama lapha. Manje-ke, wangena enkathazweni, uLoti wehlela eSodoma naseGomora. Niyayazi indaba.

138 Sizodingeka sisheshise, sicindezelile. Ngeke sifinyelele kukho. Ivesi 14.

139 Futhi into yokuqala niyazi, onke amakhosi abeZizwe ehlela lapho, angena eSodoma ase eqhatha impi, futhi athatha uLoti, nomzukulwana ka-Abrahama, futhi bamthatha bahamba naye, umkaLoti, nabantwana, nabo bonke abanye, base besuka ezweni.

140 Nenye yamakhosi aseSodoma, ngenkathi iqala ukubaleka, yangena emafulethini ebitume phandle lapho, futhi yawa yafa. Ibitume yilokho ababenza ngakho izitini nokhonkolo, bese bakha amadolobha abo ngalo.

141 Ukufunda lokhu ngaphambili nje kancane. Ungakufunda uma ufika ekhaya. Kodwa ngenxa yesikhathi esinqunyiwe, sizodingeka sisheshise. Nevesi 14:

> *Nxa uAbrama esezwile ukuthi umzalwane wakhe uthunjiwe, . . .*

142 Mfowethu, ngiyakuthanda lokho, "umzalwane wakhe," futhi bukani ukuthi uLoti wayenzeni kuye! Kodwa, nokho, kwakukhona uhlobo oluthize lwefindo olubophayo, uma umzalwane ehlubukile. Njengensizwa ishilo esikhashaneni esedlule, umfundisi omncane lapha, ukuthi wayesewile futhi wahamba. Nokho, ngandlela-thize, uMoya oNgcwele usambiza lowomuntu. Uma esenkathazweni, Ulapho impela kanye naye.

> . . . u*mzalwane* ka-Abrahama *uthunjiwe,* futhi *wabutha izinceku zakhe ezifundisiweyo,* futhi wazibhoboza kweyakhe i . . . *ebezizelwe endlini yakhe, ezingamakhulu amathathu neshumi nesishiyagalombili, wabaxosha kwaze kwaba-kwaDani.*
>
> *Wazahlukanisa ebusuku,* futhi *yena nezinceku zakhe, wabanqoba, wabaxosha waze wafika eHoba,* futhi lapho *elingasekhohlo kweDamaseku.*

143 UAbrahama uthathe zonke izinceku zakhe namadoda ahlomileyo. Cabanga nje ngendoda eyayikade ingumfokazana ngenkathi isuka ezweni ezansi lapho eKaledi, laseUri, yayinamadoda ahlomile angamakhulu amathathu neshumi nesishiyagalombili njengezinceku. Uthi uNkulunkulu akakubusisi? "Amakhulu amathathu neshumi nesishiyagalombili."

Wena uthi, "Awu, kunjalo na?"

144 Yilokho umBhalo owakushoyo. Wayenezinceku ezenele ukulwa impi. Futhi uyanqoba! Qaphelani, "Futhi waletha . . ." Wawaxosha; wathatha konke ayenakho.

> *Wabuyisa yonke impahla, wambuyisa noLoti umzalwane wakhe, nempahla yakhe, nabesifazane, nabantu.*
>
> *Emva* kokuba esebuyile *ekunqobeni* . . . namakhosi . . . *yaphuma inkosi yaseSodoma yaya ukumhlangabeza* okwe—okwesigodi . . . ne*sigodi senkosi.*
>
> *UMelkisedeki inkosi yaseSalema waletha isinkwa newayini,* wamnika: *wayengumpristi kaNkulunkulu ophezu konke.*

145 Emva kokuba onke lamakhosi abeZizwe esengenile futhi athatha umzalwane wakhe, uAbrahama wathatha izinceku zakhe, wawaxosha futhi wehla futhi wabathola; futhi wabuya nabo (futhi wabulala amakhosi), futhi wabuya nabo.

146 Futhi, qaphelani, inkosi yaseSodoma iyaphuma. Inkosi yaseGomora yabulawa. Kodwa inkosi yaseSodoma yaphuma, futhi yamlethela, futhi kuthe lapha, "Yonke impahla o—oyithathile, eyathathwa yilababantu, ngizoyinika wena."

147 Kamuva, kulesisahluko, sithola ukuthi uAbrahama wathi, "Angiyikuthatha umucwana, kuya emchilweni wezicathulo; ukuthi ungaze uthi ngimcebisile uAbrahama."

148 Kodwa umcabango esifuna ukufinyelela kuwo, ukhona lapha.

> *UMelkisedeki inkosi yaseSalema waletha isinkwa newayini: wayengumpristi kaNkulunkulu ophezu konke.*
>
> *Wambusisa, wathi, U*Abrahama *makabusiswe nguNkulunkulu ophezu konke, umdali* wamazulu *nomhlaba:*
>
> *Wambusisa, wa . . .*
>
> *Makabongwe uNkulunkulu ophezu konke, onike izitha zakho esandleni sakho. Wamnika okweshumi kwakho konke.*

149 Ngiyakuthanda. Qaphelani manje, emva kuka-Abrahama, isithombe sikamoya lapha, uAbrahama; "umzalwane wakhe"

owayekade edukile. Isithombe seBandla leqiniso, noma ikholwa leqiniso likaNkulunkulu, elibusiswe nguNkulunkulu, nelinesethembiso sikaNkulunkulu, linesivumelwano sikaNkulunkulu, futhi linokukholelwa esivumelwaneni.

150 Manje cabanga. Uma nizobala lapha, kwakukhona amakhosi alapha eshumini noma eshumini nanhlanu aphumela lapho, futhi, cishe, babenezinceku ezingaki na?

151 Kodwa uAbrahama wababala ayenabo owayethembekile, "ebezizelwe endlini yakhe." O, he! Abathembekile, "ebezizelwe endlini yakhe." Kwakuyizinceku zakhe ayezisokile, owayebaliwe esithembisweni esifanayo ayekuso. Futhi wahamba wayolanda umzalwane wakhe ohlubukile, futhi wabaxosha ngamadoda ayidlanzana elincane, lamadoda angamakhulu amathathu neshumi nesishiyagalombili; exosha amakhosi, futhi uyawanqoba, futhi wawathatha futhi wawabulala ngokuwaceka. Futhi wabuyisa konke okwakulahlekile.

152 Isithombe esiphelele sikaKristu! NeBandla, uMoya oNgcwele uhola othembekile ozelwe endlini efanayo kaMoya oNgcwele lapho uKristu azalelwa khona, exoshana nabaphiyazayo nabahlubukile. Futhi ebulala ngokuceka yonke into embi ebanqobayo. Amen! Enqoba isono, elahla konke okusindayo. Ekhuluma kubantu ngezinkanuko zabo nezinto abazenzayo; wokujuqula! Ukugula kwabo nakho konke; eshumayela kubo iVangeli, futhi ebabuyisa bangene enhlanganyelweni egcwele noNkulunkulu.

153 Qaphelani. Futhi ngenkathi esebuya, uMelkisedeki wahlangabezana naye. Wayengubani loMelkisedeki na? Futhi qaphelani, into yokuqala, manje. UMelkisedeki akamnikangamali. UMelkisedeki kuphela wamnika "isinkwa newayini." UMelkisedeki wayengumPristi woPhezu Konke; iNkosi yaseJerusalema.

154 Yayibizwa ngeSalema ngaleyonkathi. Nansi iCruden's. Ngicabange, ukuthi uma kungabuzwa kamuva, ngingakufakazisa, ukuthi iJerusalema kuqala laliyiSalema. J-e-r-u-s- -l-e-m, niyabo, Salema, Jeru-salema. Niyabo? Kuqala lalibizwa nge H-i -r-u- -a- -m, Hieru-salem, kunjalo, okungukuthi, ngenkathi isesezandleni zabeZizwe. O, ngiyethemba niyakuthola lokhu manje. IJerusalema kuqala lalisezandleni zabaZizwe.

155 "NeNkosi yaseJerusalema, noma iSalema, okwakusho iNkosi yokuthula, iNkosi yokulunga, yahlangabezana noAbrahama lapho ebuya. Futhi yamnika," isidlo, "isinkwa newayini," izinkulungwane zeminyaka, noma amakhulu eminyaka, ngaphambi kokuba isinkwa newayini kuze kube yizimiso eBandleni. Futhi yayiyiNkosi yaseJerusalema. Amen.

156 Wayengubani loMuntu na? Sibuyele endikimbeni yethu manje, ivesi 7 . . . noma, isahluko 7.

*Ngokuba uMelkisedeki lo, inkosi yaseSalema, umpristi kaNkulunkulu ophezu konke, . . .*

157 Wayengesiyo iNkosi kuphela, kodwa wayengumPristi.

*. . . owahlangabeza uAbrahama mhla ebuya ekubulaleni amakhosi, wambusisa*;

158 Izibusiso zifika kuphela kothize ophakeme kunawe. Qaphela. "Kuye al- . . ."

*UAbrahama wamabela okweshumi kukho konke; yena ogama lakhe lithi kuqala ukuhunyushwa kwalo iNkosi yokulunga, besekuba-yiNkosi yaseSalema, okungukuthi, iNkosi yokuthula;*

159 Wayengubani loMuntu omkhulu, le, eminyakeni eminingi eyedlula na? Wayengubani Yena na? Ake sifunde kakhudlwana ngaYe.

*Engenayise, engenanina, . . . engenakuqala kwezinsuku,* noma engenakuphela *kokuphila; . . .*

160 Uma Wayengenayise, Wayengenanina, Wayengenakuqala kwezinsuku noma ukuphela kokuphila, uMelkisedeki usekhona. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "Efaniswe . . . Engenayise, engenanina."

*. . . kepha efaniswe neNdodana kaNkulunkulu; uhlala engumpristi njalonjalo.*

161 Angeke . . . Wayengenakuqala. Akanakuphela. Wayengenayise. Wayengenanina. Nokho, WayenguMuntu, futhi Wavela eSalema. Ukuthula, WayeyiNkosi yokuthula. WayeyiNkosi yokulunga.

162 Wayengesiyo iNkosi kuphela, kodwa WayeyiNkosana. Futhi UyiNkosana yokuThula. UyiNtebe yaseSharoni. UnguMnduze wesiGodi; iNkanyezi yoKusa; uAlfa, uOmega; OwayeKhona, OKhona, OZayo; iMpande neNzalo kaDavide. Wayekhona ngaphambi kukaDavide, kuDavide, nangasemuva kukaDavide.

163 Wayengubani lomPristi na? Akekho omunye ngaphandle kokuthi uyiNkosi uJesu Kristu owathatha umzimba wobuntu, emandleni aKhe obukhosi. WayeyiLowo ofanayo, kamuvanyana, emva kokuba kade Ehlangane noAbrahama. Futhi wamnika, njengabantu besivumelwano, isidlo. Manjeke, manje, ngalesosivumelwano esifanayo, sithatha . . . Futhi Wayesesithunzini. LowoMelchisedeki, ngenkathi Eba nguMuntu wenyama, wayezosikwa ahlukaniswe. Nesidlo sinikezwe, amakha omzimba waKhe ohleshuliweyo, njengoba sisithatha namhlanje.

164 Lapho lowoMelkisedeki wahlangana noAbrahama, noAbrahama wakhokha okweshumi kuYe. Amen. UAbrhama, umuntu omkhulu kunabo bonke ebusweni bomhlaba,

wakhokha okweshumi kuMelkisedeki: iNkosi yokuthula, iNkosi yaseSalema, iNkosi yokulunga.

165 Futhi WayeyiNkosana. Futhi Waye—WayeyiNkosana. WayeyiNkosi. Futhi WayeyiNceku yoPhezu Konke, uJesu owayenguye.

166 Futhi lapho uAbrahama, eminyakeni embalwa kamuva, noma esikhathini esingeside emva kwalokho, lapho uLoti wayekade ehlubukile, neSodoma kade lishisiwe. NoAbrahama washiywa yedwa, enoSara, le emihlabathini ewugwadule. Lapho kwakuyi. . . Izinkomo zabo zazifa zonke, ngenxa yokulamba. Futhi kwakubukeka sengathi uNkulunkulu wayemehlulekisile. Kodwa wayenokukholwa okuqinile, ukuba akholwe.

167 Futhi ngelinye ilanga wayehlezi emnyango wethende lakhe, phansi kom-oki omkhulu. Usami uyisikhumbuzo nanamhlanje, njengoba sewasha wamnyama futhi ubambelele. Futhi lapho, uAbrahama, ehlezi emnyango wethende lakhe, wambona uMelkisedeki eza kuye; amaDoda amathathu ehamba.

168 Futhi sengathi ngiyambona nje uAbrahama ethi, "Ngike ngaMbona ngaphambili." Futhi Uyakhuphuka. Wayesethi, "Ake nje ngi. . . Woza nganeno Nkosi yami, futhi ake ngilande amanzi ayingcosana ezinyawo zaKho." Ngandlela-thize, ezansi le, lowomuntu wesivumelwano, phansi enhliziyweni yakhe, wazi ukuthi Lowo kwakunguMuntu ongaphezu komuntu.

169 Wathi, "Siyizihambi." Wathi, "Siphuma kwelinye izwe." Izingubo zawo zazinothuli. Yebo, Ayenjalo, esuka le eNkazimulweni. Futhi ngakho Ahamba akhuphukela lapho, futhi athi kuAbrahama. . . Bawalethela izimpahla ezincane, futhi ageza. NoAbrahama uqala ukuwabuka.

170 Wathi nyelele ngemuva ethendeni, wayesethi, "Sara, awume lapha umzuzu nje." Nanguya ephuma edabula emhlambini, futhi wathatha ithole elikhuluphele ukwedlula onke kwangalithola. Futhi walibulala, wase elibuyisa.

171 Wase epha loMuntu inyama, nesinkwa, nobisi, nebhotela. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . dla.

172 Manje, lapho uMelkisedeki, iNkosi yaseSalema, umPristi oPhezu Konke, iNkosi yokuthula, owayengekho omunye ngaphandle kokuthi kwakuyingxenye engaphambili yeNkosi uJesu Kristu. Futhi lapho Ehlangana noAbrahama, Wapha uAbrahama isidlo, futhi wambusisa. Futhi nangu lapha yena, uAbrahama, uhlangana naYe esohambweni lwaKhe eya eSodoma, futhi uMupha inyama nesinkwa.

173 O, anikuboni ukuxhumana phakathi kwamadoda amabili na? Wethembisa. Isinkwa sethu namanzi kuqinisile. NoNkulunkulu uzokwenza, ngokuqinisekile njengoba sihlezi lapha nje. Naso sonke isithembiso saPhezulu Asenzile, Ubophezelekile ukuba asenze.

174 Futhi lapho iziNgelosi ezimbili ziqhubeka zibheke ngaseSodoma, uAbrahama wama lapho. Futhi waqalaza, enaloMuntu. Wathi, "Ngithola *abangaka,* na*bangaka,*" lapho eqhubeka esho, kwehla kwaze kwayofika eshumini. Futhi lapho Esuka; khona-ke iNgelosi, noma uMuntu owayemi ngakuye, wasithela wanyamalala, ngomhlatshelo. NoAbrahama wathi, "Ngikhulume ubuso nobuso noNkulunkulu uSomandla." uMelkisedeki, futhi, uKristu izindawo emfanekisweni ongaphambili.

175 Kanjani, bangane, kulokhu ukusa, uma besingathatha leveli lapha, leyo ephambi kwamehlo ethu, njengoba inyama ibisiphuphuthekisile, futhi siklebhule leloveli lihlehle *kanje* futhi sibuke ngaphesheya kweveli lesikhathi, ukumangala ukuthi ingabe kuyobanjani. Ngangivamise ukucula iculo elincane:

> Ngidangele futhi ngikhathazekile, futhi ngifuna ukubona uJesu.
> Ngifuna ukuzwa ukunqenqetha okumnandi kwezinsimbi zesikhumulo.
> Yebo, uma nje ngingabona Yena, futhi nje ngibuke ngedlule ekhethenini lesikhathi,
>
> Kuyonginika okwami...mina okuningi ukukholwa, futhi kwenze konke, futhi kwenze konke ukuqina kwami,
> Uma kuphela ngingabuka ngedlule ekhethenini lesikhathi.

176 Kwakungubani lowo lapho, kuleliJerusalema emhlabeni ngayo leyonkathi, "Owayengenakuqala kwezinsuku, noma nakuphela kweminyaka," futhi uyaphuma futhi unika uAbrahama isidlo owayenesithembiso na? Nesithembiso selulelwe kithi, kulokhu ukusa. Sikini nonke.

177 Besingaba nesikhathi esiningi, ngifisa sengathi ngabe besinaso, ngalendaba enkulu; mhlawumbe ngolunye usuku, emva kokuba loluhambo seluphelile.

178 Njengoba ngiwelela ezizweni manje, kwamany'amazwe nasemacaleni onke, ngishumayela iVangeli, ake nginishiye nalomcabango, bantwana bami abathandekayo, bafowethu bami nezisebenzi esibambisene nazo eVangelini leNkosi yethu uJesu Kristu. Ningadinwa. Thathani isibindi esisha kulokhu ukusa. Phakamisani amakhanda enu. Phakamisani amadolo enu abuthakathaka nezandla ezake zayetha. Bukani kumqalisi nomphelelisi wokukholwa kwethu, iNkosi uJesu Kristu, Osinike lezizithembiso. Lento engizame ukuyishumayela kini, ngesambulo enganikwa sona yiNkosi uJesu Kristu, nokho ngisengongazi lutho futhi ngingafundisiwe, ngingenakufunda izincwadi, nokho uNkulunkulu uSomandla uLibeke ngaphambi kwezwe, ngokuba Alinakuphosisa.

179 Abahlezi lapha, kulokhu ukusa, yilabo abebekhubazekile nabahluphekayo, ngeviki eledlule, futhi ngaleliviki baphile ngokwejwayelekile futhi basindile. Kukhona labo akade beyizithulu, bemi lapha ebusukwini obumbalwa obedlule; bami lapha manje, bezwa kahle kakhulu njengabo bonke abanye. Kuyini na? Yisivumelwano sikaNkulunkulu esingenambandela Asenza noAbrahama neNzalo yaKhe. Wethembisa ukuthi Uyokwenza, ngakho ngakho-ke asisikholwe kulokhu ukusa ngenhliziyo yethu yonke.

180 Njengabantu, abanye bethu behlezi lapha, abadala, abanye bethu sebempunga. Abanye bethu, ngaphambi kokuba sidibane futhi, kungahle kubekhona abanye bethu abedlula baye ngale kweveli. Kodwa noma ngabe yini eniyenzayo, noma ngabe yini evezwa wukuphila, uma iveza ukugula, uma iveza noma yini ezweni, gcina iveli yakho iphakathi kweveli. Yiba ulokhu ubuka kumqalisi nomphelelisi ngaleya, iNkosi uJesu Kristu. Biza lezozinto, ezibonakala ziyizo, sengathi zazikhona.

181 Kukhona izinto ezimbili umuntu azilandelayo. Kuqala, ukuba nesihawu sobuntu; okwesibili, yisambulo sobuNkulunkulu; okwesithathu, ngumbono, ongu ISHO KANJE INKOSI. Izikhathi eziningi, siphansi phakathi *lapha*, futhi asikhweli neze singene ku *lokhu*. Uma ungekho phansi phakathi lapho, phosa amathemba akho edlule kuleloveli, phezulu lapha ku ISHO KANJE INKOSI. Nakuba ungawuboni umbono; nakuba isambulo singafiki; nakuba, uma ukhulekelwa, uthi, "Ngifisa sengathi nje bengingakholwa." Lokho akwenzi-mehluko. Phosa ihange lakho phansi lapho, futhi ukubize kanjalo, noma kanjani.

UAbrahama wayengaboni. Wathi, "Kungaba kanjani na?"

182 UMariya wayengaqondi. Wayengaba kanjani nengane, "engazi-ndoda na"?

183 Yathi, "Kodwa uMoya oNgcwele uzokusibekela. Uzokufeza."

184 Wathi, "Bheka incekukazi yeNkosi. Makube kimi." Kwakuzokwenziwa kanjani na? Wayengazi. Kodwa waphosa ihange lakhe ngale kweveli, wase eqhubeka efakaza ukuthi wayezoba nengane, ngaphambi kokuba ezwe ukuphila kumbe noma yini. Wabiza lezozinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona.

185 UAbrahama, eseneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, uNkulunkulu umnika isithembiso. NoSara, enamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala, wanikeza isithembiso. Futhi iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu yaphela ngaphambi kokuba size sifezeke. "Kodwa uAbrahama akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa; kodwa waqina ekukholweni, enika uNkulunkulu udumo. Futhi ebiza lezozimpawu, nezinto

eyayikhona, ngokungathi zazingekho." Futhi wafakaza kuphela ngalokho uNkulunkulu athi kwakuyiqiniso, ngoba wayenesithembiso.

186 Nkulunkulu yiba nesihawu. O, he! Ngabe ukukholwa kwenu kuhlala kuthule kulokhu ukusa? Uma imimoya ekhathazayo ivunguza, ubusuku bumnyama, nemimoya nemibani kubaneka, ngabe ihange lakho liyabambelela na? Yakha amathemba akho kulokhu ukusa ngaphezu kwalutho kunaseGazini likaJesu elinokulunga. Ngiyazi kul'khuni. Kubonakala kul'khuni. Kodwa ake ukuthathe kanye, bese uthatha uNkulunkulu eZwini laKhe, bese ubona ukuthi kuyithemba elihle kanjani elibusisiwe ukumasha nje uqonde phambili ekukholweni.

187 Kulempi enkulu yokukholwa, njengoba ngizamile ukuyilwa, nginqwamane nezinye izithiyo ezimbi kabi, kade ngisemigwaqeni emagebhugebhu. Kukhombisa kimi. Nginakho. Kodwa kube yinto ebusiseke ukwedlula konke. Bengingekuhwebelane nalutho ezweni.

188 Futhi nakhu ukunqoba kwami okuningi okukhulu kunakho konke, izinjabulo ezinkulu kunazo zonke enginazo, kungenkathi uma nginqwamana nento ethize. Ngingakwazi ukubona ngaphezu kwayo, macala onke kuyo, noma ngaphansi kwayo. Ngivele nje ngiqhubeke ngihambe ngiqonde ngakuyo, ngikholwa yilokhu, ukuthi uNkulunkulu uzokwenza indlela uma sengifika lapho. Angikaze ngifike ngalonyaka, kuze kube lapha, noma yini...Nalo lonke lelibanga engize kulo, ngethembe Yena. Akakaze angenze ngehluleke.

Ngumusa owafundisa inhliziyo yami ukwesaba,
Ngumusa owakhulula ukwesaba kwami;
Kwenza igugu ukubonakala kwalowomusa
Ngehora engakholwa ngalo!

Futhi ezingozini eziningi, izinkathazo nezihibe,
Sengivele ngedlulile;
Kwaba ngumusa oze wangifikisa lapha ngokuphepha,
Ngumusa ozongiyisa phambili.

Nalapho siyobe sesibe Lapho iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi.
Ukukhazimula kukhanya njengelanga;
Asiyikuba nezinsuku ezinciphayo ukucula udumo lwaKhe
Kunanga-mhla siqalayo.

189 Uma ngempela sesiLapho, noAbrahama, uIsaka noJakobe, labo ababeyifa lesithembiso, besibheke ukuba singehluleki, "ngokuba ngaphandle kwethu abanakupheleliswa." Futhi

bethembele kakhulu kangakanani kithi, kulokhu ukusa! Asingehluleki. Gcinani ihange lenu likuKristu.

190 Uma uyisoni, awudingi ukuza ealtare. Kuyisiko ukwenzenjalo. Kodwa uma ungafuni ukuza, futhi ingekho indawo kuwe ukuba uze, thana, "Nkosi, ngilahlela eceleni zonke izinto zezwe, khona manje. Ngizibeka mina uqobo phambi kwakho, ngize futhi nginqunu njengoba nginjalo, futhi ngingamahloni nehlazo. Kodwa ngiphosa ihange lami kuWe. Futhi ngikholwa kuWe. Akukho engingakwenza kepha yilokho Ongenzele khona."

191 Uma ugula, udokotela ethi ayikho nhlobo indlela kuwe ukuba uke usinde, ayikho into engenziwa. Buka kuleli taber-. . . leliqenjana labantu kulokhu ukusa, lapho, leli yi—yidlanzana, akusilo ngisho ichashaza lezinkulungwane ephilisiwe emavikini ambalwa edlule, umhlaba jikelele.

192 Imikhankaso emikhulu! Izwe lisekuhlokomeni, nemikhankaso yokuphilisa kukaNkulunkulu; amadoda okukholwa ephuma, enesibindi sokuthatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Izinsuku zabeZizwe seziyaphela. Lesi yisibonakaliso. Sibukeni. Ningalindi isikhathi eside kakhulu.

193 Balinda isikhathi eside kakhulu, ukuqonda uElija. Nabafundi baze bathi, "Kungani ababhali bathi, 'UElija umele ukufika kuqala na'?"

Wathi, "Sewafika vele, futhi animazanga."

Bathi, "Wayengubani na?"

Wathi, "UJohane umBhaphathizi."

"Awu," basho, "impela, lowo kwakunguye."

194 UJesu wafika, futhi abakwazanga. Emva kokuba abaseRoma sebeMbethele, ngenkathi isikhathi sasesedlule kakhulu ukuba kungenziwa noma yini, Wathi, "Impela lowo ubeyiNdodana kaNkulunkulu." Nakuba Wayeyiselelesi, nakuba Waye—Wafelwa ngamathe, nakuba kwahlekiswa ngaYe futhi wahlushwa, nokho uNkulunkulu waMqinisekisa ngezibonakaliso nezimangaliso.

195 Namhlanje, asingalindi isikhathi eside kakhulu. Lokhu ukuphela kwesikhathi sabeZizwe. Siyaphela.

> Izizwe ziyehlukana, uIsrayeli uyaphaphama,
> Izibonakaliso iBhayibheli elazibikezelayo;
> Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okuthiyayo;
> "Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini."

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zamadoda zehlulwa ngukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu sekuseduze!

196 Baba wethu, siyaKubonga kulokhu ukusa ngalelithemba elibusisiwe. O, ngolunye usuku lwenkazimulo, lapho Usumi emhlabeni futhi, kuyothiwa, "Kwakungalotshiwe yini ezihlabelelweni, 'Ukuhlengwa kwenu kuyasondela na'?" Ngenkathi Ulapha emhlabeni okokuqala, Wathi, "Akulotshwanga yini nguDavide, ezihlabelelweni, lezizinto ezithize na?"

197 Futhi uma sicabanga ngalesosihlabelelo, "Kuzoba nomhlangano emoyeni," wawo bonke abaprofethi, nabahlengiwe, noDavide omncane, noMose, nabo bonke okhokho, bayobakhona Lapho. Khona siyothi, "Akulotshwanga yini esihlabelelweni, ukuthi siyokubona lokhu na?" Nabahlengiweyo beminyaka bayojabula kanyekanye.

198 Baba, thethelela wonke owesilisa ophiyazayo noma owesifazane, intombazane noma umfana kulokhu ukusa. Kwangathi lolu kungaba wusuku olusha empilweni yabo, isikhathi sokuthi, ngokukholwa, bemukela iNkosi uJesu njengoMsindisi oqondene nabo futhi banamekwe ngophawu eMbusweni kaNkulunkulu, ngoMoya oNgcwele.

199 Thatha lawa ambalwa, amazwi asheshisiweyo, Baba, bese uwacwilisa ehlele ezinhliziyweni zabantu, njengoba benesidingo nje.

200 Emizuzwaneni embalwa nje manje, abantu bazobe beza ngapha, ukuba baphiliswe. Kuzobakhona labo, Nkosi, abaphuphuthekile, abahluphekile, abakhubazekile, nabagulayo, nazo zonke izinhlobo zezifo eziphezu kwabo. USathane wenze lento embi, Baba. Labobantu abazihluphekelayo, Nkosi, ngeke beza lapha ukuba bebengakholwa ukuthi bangaphiliswa.

201 Wathi, "Sinqoba ngeGazi leWundlu nobufakazi bethu." Futhi nakhu kubekwe izintambo lapha emsamo. Izinduku zokuqhugela nezinto okunqwatshelweyo, futhi kwahoshwa kwasuswa lapha; nezihlalo ezinamasondo, futhi, o, izinhlaka zemibhede zaqoqwa zakhishwa, nemibhede. Nabesilisa nabesifazane uhambile esuka lapha, Nkosi, kuzo zonke izinhlobo zezifo nezinhlupheko uSathane azibeke phezu kwabo. Hhayi ngenxa yokuthi yindawo, kodwa kungenxa yokuthi ukukholwa kwabo kuhlangabezane nesidingo saKho khona lapha.

202 Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi wonke umuntu ogulayo lapha, ukuthi ukukholwa kwabo kuzokwenela, kulokhu ukusa, manje, ukukhumbula lowoMelkisedeki omkhulu emuva ngaleya, Owayengenakuqala kwezinsuku. Akazange

abe nayise, nanina. Akazange abe nakuphela kokuphila; lowo usaphila nanamhlanje. Manje-ke, wathatha umzimba wobuntu, othiwa nguJesu Kristu, waba yinyama; wafa, wabuyela kuwo futhi. Useyiyo iNkosi yokuthula, iNkosi yokulunga, esethembisa lezizinto ezinkulu zaPhakade. Oyena O... Kufungwe nguNkulunkulu, kuAbrahama, ukuthi Uyosigcina isivumelwano, isithembiso, ngaYe neNzalo yaKhe, kuze kubephakade. Sisize, namhlanje, ukuba sihambe sibheke phambili kulomsamo manje, sinokukholwa okungafi.

203 Abanye babo lapha, Nkosi, baboshwe yimikhuba engcolile, imikhuba yenyama emidala enamanyala. Nkulunkulu, njengoba iBhayibheli lathi, "Masilahle konke okusindayo, nesono esithandela kangaka kithi." Nkulunkulu, kwangathi bangakulahla ngokuphazima, kulokhu ukusa, futhi babheke kuJesu Osihlanza kukho konke ukungalungi. Siphe khona, Baba.

204 Futhi uma sesihamba namhlanje, kwangathi singahamba sinenhliziyo egcwele uthando, nokujabula. Busisa lelibandla elincane. Busisa uMfowethu Neville othandekayo, Nkosi, njengoba elusa, futhi esebenza umsebenzi wokuzikhandla nsuku zonke nobusuku bonke, ezama ukwenza i—indawo yabantu ukuba beze bazokhonza, ukubona iNkosi uJesu ekubonakalisweni kwaKhe kothando namandla.

205 Busisa inkonzo yakulobubusuku, Nkosi. Letha isibusiso esikhulu kithi. Futhi, Baba, siyakhuleka manje ukuthi Uzothola inkazimulo ezintweni zonke.

206 Futhi ngeliny'ilanga, uma konke okokuphila sekuphelile, intshumayelo yokugcina isishunyayeliwe, iBhayibheli selivaliwe; amateyipu esezwakalile, izikhali sezitakiwe, intuthu yempi isiyahwamuka, ilanga selishona; khona-ke, Baba, semukele eMbusweni waKho. Kwangathi singeza njengamaqhawe amadala angomakade ebona anezingozi zasempini. Siphe khona, Nkosi, ukuze semukele umzimba omusha, lapho esingeke sisaphinde sigule khona, noma sibe nosizi kumbe ukudabuka.

207 Masethembeke kuzo zonke lezizinto, siselapha emhlabeni manje, ukuba sikholwe, futhi sibize lezozinto ezingekho, okuphambene neZwi likaNkulunkulu, ngokungathi zazikhona. Ngokuba sicela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

208 Noma ubani lapha uzozwa nje sengathi, uthi, "Ngithanda nje ukwemukela iNkosi uJesu Kristu. Angikaze ngikwenze ngaphambili. Ngifuna nje ukuphakamisa isandla sami." Ngithi, "Mina, ngokuphakamisa isandla sami, ngiyaMemukela." UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Yilokho oku...UNkulunkulu akubusise, mfowethu. "Ngifuna ukwemukela iNkosi uJesu Kristu." UNkulunkulu akubusise,

dadewethu. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Kulungile.

209 Nicabanga ukuthi Akakuzwa lokho na? Uyayazi inhliziyo yenu. NguYe Onitshele ukuba nikwenze. Omunye futhi othi, "Ngi—ngiyafuna manje ukukholwa. Ngi—ngithi manje, 'Nkosi, ngifuna ukuKwemukela khona manje. Ngifuna ihange lami liqine nqi, ngaleya evelini, ukuze lingagudluki neze. NgiKwemukela njengoMsindisi wami.'" Ungasiphakamisa isandla sakho, omunye futhi na? UNkulunkulu akubusise.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]
Kuyobanjani-ke?
Lapho iNcwadi enkulu ivulwa, kuyobanjani-ke?
Lapho labo abenqaba loMlayezo namhlanje,
Beyocelwa ukuba banikeze isizathu—
Kuyobanjani-ke?

210 Kwangathi iNkosi inganibusisa manje. Njengoba nizoba ne. . .Bangaki lapha ozokhulekelwa, nabagulayo na? Asibone izandla zenu, noma yikuphi endlini, ogulayo.

